

IGUMBI LABABELETHAYO (MATERNITY)

oMame abazithwele kumele baphathe lokhu okulandelayo uma bezobeletha

- Izingubo zengane
- Amanabukeni
- Ublankethi wengane
- Izinto zokugeza

UKUDLA OKUTHALAKALA ESIBHEDLELA

Siyazigqaja ngokudla esikuphekayo ngokulandela imigomo yezokudla okunikezwa iziguli ezilaliswe esibhedlela.

kuneTuck Shop **ezimele** evula ngo 7:30 ekuseni ivale ngo 18:30 ntambama zinsuku zonke kulabo abadinga ukuzithengela okunye.

DISCHARGE

Uma uDokotela esekuqinisekisele ukukhululwa kwakho uye ekhaya, zilungiselele.

Isikhathi sokukhululwa uye ekhaya u-10:30 ekuseni, lokhu kunikeza wena ithuba lokuba uthole imithi kumbe amaphilisi nokuba uzifunele into yokuphindela ekhaya kusanesisikhathi.

Sizama ngazo zonke izindlela ukunikeza isiguli ngasinye uthando nokunakekelwa esikudingayo, sihloniphe, siqinisekise ukuthi amalungelo eziguli siyawavikela ngokulandela imigudu ekusomqulu wamalungelo eziguli. Abasebenzi bethu abaqeqeshiwe bazimisele futhi bayazibophezela ukunikeza ukunakekela okuphephile kuzozonke iziguli.

Uma unemibono, izikhalazo noma izincomo sinama suggestion boxes kusosonke isibhedlela, ikomidi elibhekele lokhu lizocubungula bese liphendula lapho kufanele.


Uma udinga ulwazi oluthe xaxa noma ufuna ukudlulisa izimvo zakho, thintana noMxhumanisi wesiBhedlela Nomphakathi (P.R.O) kulezinombolo ezilandelayo:

Phone: 035 574 1004/5/6
Fax: 035 574 1826
Email: h050018@dohho.kzntl.gov.za
www.kznhealth.gov.za/mselelenihospital.htm


MSELENI HOSPITAL
PO Sibhayi
3967

“SIKUFISELA UKULULAMA OKUSHESHAYO, NEMPILO ENGCONO”





MSELENI HOSPITAL



Incwadi YoLwazi

Umbono Wethu
Ukunikeza ezempilo eziseqophelweni eliphezulu kuwo wonke umuntu, nezihambisana nezempilo zesizinda esikuso

Umgomo Wethu
Sizibophezele ekuletheleni umphakathi wakithi ezempilo eziseqophelweni eliphezulu ngokuba sigqugquzele ukuvikelwa kwezifo, ukulashwa kwezifo kanye nokukhuthaza izindlela ezifanele zokuziphatha. Sizokhuthaza intuthuko yomuntu ngomuntu kanye nempilo enhle yabasebenzi kanye nomphakathi wonke.

May 2006, Public Relations and Communication Department

ABAZOBONA UDOKOTELA

- Udokotela wamaZinyo
- Ukuhlizwa
- Ukubelethisa
- Ukwelashwa kwe-TB
- Ukuhlolwa kwegazi (isandulela ngculazi nengculazi)
- X-ray
- Imitholampilo engomahamba nendlwana
- Ithimba lakwa HIV/AIDS
- Ukufundiswa komphakathi ngezempilo
- Ukwelashwa kwezifo ezithathe-lanayo (malaria)
- Isemithini/ famasi
- Udokotela wamathambo
- Occupational therapy
- uSonhlalakahle

Kuqalwa e-Gateway Clinic esakhiweni saseMaternity. Osister bazothatha imininingwane yakho bakupopole bese bekulapha, uma kunesidingo bakudlulisele E-O.P.D lapho uzobe usupopolwa uDokotela.

Izinto Okumele Uziphathe uma uza Esibhedlela

- Umazisi wakho, isitifiketi sokuzalwa kanye nekhadi eliyisinqinisekiso sokuthi uyilunga le-Medical Aid.
- Izinto zokugeza
- Imali yokugibela uma usubuyela ekhaya
- Imithi/ amaphilisi okufanele uwaphuze njalo

IZIKHATHI ZOKUVAKASHA

Ngesizathu sokubhekelela ukuba iziguli zithole usizo oluseqophelweni eliphezulu, sicela ukuba kugcinwe izikhathi zokuvakasha. Uma nivakashele isiguli qinisekisini ukuthi aneqi isibalo ukuze abasebenzi bakwazi ukuqhuba umsebenzi wabo.

NGOMSOMBULUKO KUYA KULWESIHLANU

11:00 to 12:00

14:30 to 15:30

16:45 to 17:45

NGEZIMPELASONTO

11:00 to 12:00

14:30 to 16:30

Akekho umuntu (umndeni, izihlobo, abangani njll.) abavunyelwe ukuhlala noma ukulala esibhedlela ngesizathu sokunakekela ogulayo, abahlengikazi bethu baqeqeshiwe ukwenza lowomsebenzi.

IMALI EKHOKHWAYO

OUT-PATIENTS

- Uma uhola u-R1 000 kuya ku R36 000 ngonyaka noma imali yamalunga omndeni isihlanganisiwe ikhipha u-R1 000 kuya ku R50 000 imali okulindeleke ukuba uyikhokhe esibhedlela u-R20
- Uma uhola u-R36 001 kuya ku R72 000 ngonyaka noma imali yamalunga omndeni isihlanganisiwe ikhipha u-R50 001 kuya ku R100 000 imali okulindeleke ukuba uyikhokhe esibhedlela u-R65

INPATIENTS

- Uma uhola u-R1 000 kuya ku R36 000 ngonyaka noma imali yamalunga omndeni isihlanganisiwe ikhipha u-R1 000 kuya ku R50 000 imali okulindeleke ukuba uyikhokhe esibhedlela u-R30. Lemali uyikhokha uma ulale izinsuku ezingaphansi kwezingu 30, uma zeqa izinsuku kwezingu 30 ukhokha u-R30 ngaphezulu njalonjalo.
- Uma uhola u-R36 001 kuya ku R72 000 ngonyaka noma imali yamalunga omndeni isihlanganisiwe ikhipha u-R50 001 kuya ku R100 000 imali okulindeleke ukuba uyikhokhe u-R30 ngosuku/ngelanga.

IZIGULI EZIKULOLUHLA ZITHOLA USIZO NOKUNAKEKELWA MAHHALA

Okuphawulekayo: uma uyilunga leMedical Aid ukuloluhla, ukhokha imali ejwayelekile

- Abahola impesheni(yobudala, yokukhubazeka, eyezingane njll)
- Abangasebenzi (kumele baveze incwadi efungelwe)
- Abesifazane abazithwele kusukela ethola ukuba uzithwele kuze kube izinsuku ezingu 42 emva kokubeletha.